



Edition 56
IsiZulu, English

It starts with a story...

Start a reading club!

Since the beginning of 2012, 348 reading clubs around the country have signed up as part of the Nalibali network. Some of these clubs have been running for years, while others are newer; some have more than 30 members while others have just 5 or 6 members – but what they all have in common, is that they are inspiring children to grow into life-long readers!

Have you thought about starting a club? Here are some steps to help you on your way.

1. Decide who will run the club. Will you do it on your own or will you be able to get volunteers to help you? Other adults and/or teenagers who love stories, books and reading make good volunteers.
2. Decide how many children you can accommodate – usually five children per adult works well. The fewer children you have in your club, the more attention you can give each of them. It's a good idea to start small and then to grow your club over time, if you want to!
3. Find a venue. A reading club can happen anywhere that is quiet and safe – at school, after-care, a library or a community hall. But reading can also happen under a tree, lying on the grass, or anywhere else that feels right. Start a club in someone's house or garage, at Sunday School, or at your mosque or temple. Just choose a place that is easiest for you and easiest for the children to get to.
4. Decide when to meet. A reading club can meet any time of the day that is convenient. You can get together for half an hour, or two hours. It's up to you! Most reading clubs take place once a week. You could meet more often, but it shouldn't be less!
5. Find reading material that will keep your club members interested – picture books, novels, information books, poetry, rhymes and songs, newspapers and magazines ... and, of course, your Nalibali supplement!
6. Think about other things you might need. For example, it is always good to have something for the children to eat and drink. Cushions and carpets are more comfortable than desks and chairs.
7. Register your club as part of the Nalibali network. Go to www.nalibali.org or www.nalibali.mobi and click on "Register your reading club".

For more information on running a reading club, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi.

Qala ithimba lokufunda!

Kusukela ekuqaleni kuka-2012, sekubhalise amathimba okufunda angama-348 ezweni lonke ayinxenye yohlelo lwakwaNalibali. Amanye alawa mathimba asebe khona iminyaka eminingi, kanti amanye awo asemasha; amanye awo anamalungu angama-30 ngesikhathi amanye enamalungu ayi-5 noma ayi-6 – kodwa into efanayo kuwo wonke, ukuthi akhuthaza izingane ukuthi zikhule zingabafundi impilo yazo yonke!

Ngabe uke wacabanga ngokuqala ithimba lokufunda? Nazi ezinye izinyathelo ezingakusiza endleleni yakho.

1. Nquma ukuthi ubani ozoqhuba ithimba. Ngabe uzoliquhuba wedwa noma uzokwazi ukuthola amavolontiya azokusiza? Abanye abantu abadala kanye/ noma namabhungu namatshitshi abathanda izindaba, izincwadi nokufunda, baba ngamavolontiya amahle.
2. Nquma ukuthi ungakwazi ukuthatha izingane ezingaki – ngokujwayelekile kuye kusebenze kahle ukuba kube nezingane ezinhlano kumuntu omdala ngamunye. Uma zimbilwa izingane onazo ethimbeni lakho uzokwazi ukunaka ingane ngayinye. Kuyisu elihle ukuqala kancane bese ukhulisa ithimba lakho emva kwesikhathi esithile, uma ufuna!
3. Thola indawo. Ithimba lokufunda lingaba noma yikuphi lapho kunendawo ethule futhi ephephile khona - esikoleni, endaweni yokugcina izingane ngemva kokuphuma kwesikole, emtatsheni wezincwadi noma ehholo lomphakathi. Kodwa kungafundwa futhi ngaphansi kwesihlahla, kulelwe otshanini noma nanoma ikuphi lapho kukahle khona. Qala ithimba lokufunda endlini noma egaraji lomuntu othile, kuSonto Sikole, kumoski yamasulumane, noma ethempelini. Vele ukhethe indawo efinyeleleka kalula kuwe nokulula ukuthi izingane ziye kuyo.
4. Nquma ukuthi nihlangana nini. Ithimba lokufunda lingahlngana noma ingasiphi isikhathi sosuku esikahle. Ningahlngana ndawonye isigamu sehora noma amahora amabili. Kukuwena! Amaqembu okufunda amaningi ahlngana kanye ngesonto. Ningahlngana izikhathi eziningana kodwa akumele kube ngaphansi kwalokhu!
5. Thola okokufundwa okuzogcina amalungu ethimba lakho enentshisekelo – izincwadi ezinezithombe, amanoveli, izincwadi ezinika ulwazi, izinkondlo, imilolozelo namaculo, amaphephandaba namaphephabhuku ... kanye, nazo phela izithasiselo zakho zakwaNalibali!
6. Cabanga ngezinye izinto okungenzeka uzidinge. Isibonelo, kuhlale kuyinto ekahle ukuthi ube nokungadliwa futhi kuphuzwe izingane. Amakhushini kanye nokhaphethi benza kuhlaleke kahle kunamadeski nezihlalo.
7. Bhalisa ithimba lakho libe ingxenye yohlelo lwakwaNalibali. Iya ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi bese uchofoza u-"Register your reading club".

Ukuze uthole eminye iminingwane ngokuqhuba ithimba lakho lokufunda, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.



Drive your imagination

Read to me. Book by book.
Ngifundele. Incwadi nencwadi.



It starts with a story...



Drive your imagination



Hi! I was fascinated by one of your articles that reminded me of when I was still a child. My father was very good at telling stories. During winter we would sit around the coal stove and listen to his stories which were about cannibals, big snakes of the waters, witchcraft, etc. Most of these stories were fiction, but I now realise that they can contribute immensely to the development and sharpening of a child's listening, memory, and analytical skills. Unfortunately parents of today do not dedicate time to telling these stories and rely mostly on TV. Perhaps we should consider dedicating a month or a week to telling stories. Surely every parent has a story to tell?

Dan Rabele

Sanibonani! Ngakhangwa ngokunye enanikushicilele okwangikhumbuzo ngesikhathi ngiseyingane. Ubaba wayemuhle kakhulu ekuxoxeni izindaba. Ebusika sasihlala sizungeze isitofu samalahle bese silalela izindaba zakhe ezazimayelana namazimuzimu, izinyoka ezinkulu zasemanzini, ubuthakathi, njl. Ingingi lalezi izindaba zazisuka ekhanda nje, kodwa ngiyakuqonda manje ukuthi zinganegalelo elikhulu ekuthuthukeni nasekucijeni amakhono engane okulalela, ukugcina ekuzwile nokuhlaziya. Ngeshwa abazali banamhlanje abasenzi isikhathi sokuxoxa lezi izindaba, bathembela kakhulu kumabonakude. Mhlawumbe kumele sicabange ngokuzibekela inyanga noma isonto lokuxoxa izindaba. Iqiniso ukuthi umzali ngamunye unendaba angayixoxa!

UDan Rabele



We love the Na'ibali supplements you send us. We compile them ... volunteers help us. Sixty caregivers come every Wednesday and the first few to arrive are given the supplements to take home to their own families. The actual newspapers are snapped up by our borrowers as well, so nothing is wasted. Thank you for your ongoing kindness.

Roni Snitcher, Sea Point Library

Siyazithanda izithasiselo zakwaNa'ibali enisithumela zona. Siyazihlanganisa ... sisizwa amavolontiya. Kuza abanakekela izingane abangamashumi ayisithupha njalo ngoLwesithathu; abokuqala kubo abafika kuqala banikezwa izithasiselo abazoya nazo emakhaya emindenini yabo. Amaphephandaba uqobo athathwa masinyane ngababolekayo futhi, ngakho ayikho into elahlwayo. Siyabonga ngokuhlale nisenzela umusa.

URoni Snitcher, eSea Point Library



Dear Na'ibali...

Na'ibali Othandekayo...

Write to Na'ibali at
PRAESA, Suite 17-201, Building 17,
Waverley Business Park, Wycroft
Road, Mowbray, 7700, or at
letters@nalibali.org.

Bhalela uNa'ibali
ku-PRAESA, Suite 17-201,
Building 17, Waverley Business Park,
Wycroft Road, Mowbray, 7700,
noma ku-letters@nalibali.org.



Hi guys! I am a 13-year-old child, but I love your stories even though I am a teenager. Keep up the good work.

windcat19@mxit.im

Sanibonani bakwethu! Ngiyingane eneminyaka eyi-13, kodwa ngiyazithanda izindaba zenu noma ngisemusha kanje. Qhubekani nokwenza umsebenzi omuhle.

windcat19@mxit.im

Na'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Na'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNa'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgisi ohlelweni lomsakazo lukaNa'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakheleni eyenu incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina

1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.






Akazange aphendule uThobeka. UBen wadlula ehleka. Ngokujwayelekile nje uThobeka wayengamaki uBen uma emgoma. Ngalolo suku wakhala. Ngalobo busuku, ngesikhathi uPhumeza ezilungiselela ukulala, waphulula impandla kaBhele. “Ngiyakuzwela Bhele, izinwele zakho angeke ziphinde zimile futhi,” kusho yena.

Fold


Thobeka felt horrible. She put Gogo’s scissors back in the kitchen cupboard. Then she ran to the bottom of the garden and crept into the little henhouse. There she hid for the rest of the day, too upset to come out. Phumeza’s brother rode past on his bicycle. “Hey, Thobeka! Where are you?” Ben yelled. “I hear you’re cutting hair today. Will you cut my hair too?” Thobeka didn’t answer. Ben rode away, laughing. Usually Thobeka ignored Ben when he teased her. Today she cried. That night, as Phumeza got ready for bed, she patted Bear’s bald head. “Poor Bear, your hair will never grow again,” she said. Umfowabo kaPhumeza wadlula ngebhayisikili. “We Thobeka! Ukuphi?” kumemeza uBen. “Ngizwile ukuthi ungunda izinwele namuhla. Ungangigunda nami?” angaphuma lapho. Waphatheka kabuhlungu uThobeka. Wabuyisela isikele sikaGogo ekhabetheini lasekhishini. Wabalaka waya ezansi nengadi wangena ehokweni elincane. Wacasha lapho usuku lonke, wayephatheke kabi kakhulu ukuthi angaphuma lapho.



HEARTLINES

For copies of *Heartlines' Stories that Talk* (in all 11 languages), and *Stories that Talk 2* (English only) please email orders@heartlines.org.za or phone (011) 771 2540.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi

Bear's haircut:

A story about forgiveness



Ukugunda kukaBhele:

Indaba ekhuluma ngokuxolela

Nola Turkington
Joseph Mugisha



Fold



Ngaphambi kokuba athi vu uThobeka, uPhumeza wathi hlwi ngomlenze uBhele wathethisa uThobeka wathi, “Angisoze ngakuxolela. AWUSEYENA umngani wami omkhulu!” Washo ehamba ethukuthele kakhulu.

Ngaso leso sikhathi kwafika uPhumeza egijima ezolanda uBhele. Wathi ukushelela, wama. “Wenzani? MAMESHANE! Usugunde uBhele! Awubheke ukuthi wenzeni! Umonakalo ongaka pho?”

And off she went in a terrible temper. NOT my best friend anymore!”

Before Thobeka could say a word, Phumeza grabbed Bear by one leg and shouted, “I’ll never forgive you. You’re Look what you’ve done! What a mess!”

“What are you doing? OH NO! You’ve cut Bear’s hair! skidded to a stop.

Just then Phumeza came running back to fetch Bear. She



Phumeza thought about the day Mama gave her two pieces of cake, one for herself and one for Thobeka. In front of her best friend, she’d eaten both pieces. Thobeka forgave her and didn’t tell Mama how greedy she’d been. Phumeza thought about the prayer her family often said about asking God to forgive them. She felt ashamed. It wasn’t a good feeling.

Phumeza thought about the day at Thobeka. I could see she was upset already. I said such nasty things.”

Phumeza couldn’t sleep. She was sad about Bear’s hair, but even more, her heart felt heavy and sore when she remembered Thobeka’s face. She tossed and turned and buried her face in her pillow. “I shouldn’t have shouted at Thobeka. I could see she was upset already. I said such



BOLD AND BEAUTIFUL HAIR SALON

On Phumeza’s sixth birthday, Mama gave her a toy bear. Bear had bright eyes, golden brown hair, a small black nose and a smiley mouth. On the front of his red vest in big letters was written: I LOVE YOU. PLEASE LOVE ME.

Everywhere Phumeza went, Bear went with her. She loved Bear almost as much as she loved Thobeka. Thobeka was her five-year-old next-door neighbour, and her best friend.

One afternoon, Mama had an appointment at the salon. Phumeza and Thobeka watched through the salon window as the hairdresser cut Mama’s hair. Thobeka was especially interested. She watched carefully how the hairdresser snipped off the hair with razor-sharp scissors. It looked so easy, and so much fun.

Later, Phumeza, Thobeka and Bear played in the yard. After a while Thobeka ran inside. She came back carefully carrying her grandmother’s scissors. “Can I cut your hair?” she asked Phumeza.

“Not today,” replied Phumeza. “I want to go home now.”

“Ikepisi elibomvu lewuli, leli engalelukelwa ubusika nguGogo. Lizomboza ikhanda likaBhele, futhi lizohambisana nevesti lakhe elibomvu.”

Nangempela lahambisana nalo.



Akazange abuthi quthu ubuthongo uPhumeza. Wayekhathazekile ngezizwele zikaBhele, kodwa ngaphazu kwalokho, inhliziyi yakhe yayinsonsotha uma ekhumbula ubuso bukaThobeka. Wayelokhu ephenduphenduka wagcina ngokumboza ubuso emcamlweni wakhe. “Bekungafanele ngithethise uThobeka. Ubesevele ekhathazekile naye ngalokhu. Ngisho izinto ezimbi kabi.”

UPhumeza wakhumbula usuku lapho uMama amnika khona izingcezu ezimbili zekhekhe, olulodwa lungolwakhe olunye kungolukaThobeka. Wazidla zombili lezi zingcezu phambi komngani wakhe. UThobeka wamxolela wangamceba nakuMama wakhe ukuthi ube nobugovu kanjani.

UPhumeza wabuye wacabanga nangomthandazo wasekhaya wansuku zonke lapho becela khona intethelo kuNkulunkulu.

Wazizwa esenamahloni. Wezwa kungasemmandi nje.

Phumeza hugged her best friend through the burglar bars.

“I’ve forgiven you already, and I’m very sorry I shouted at you and said mean things.”

The girls talked until Thobeka couldn’t hold onto the bars any longer.

“Before I go,” said Thobeka, “I’ve brought Bear a present.”

“What is it?”

“A red woollen cap, the one Gogo knitted me for winter. It’ll cover Bear’s head, and match his red vest.”

And it did.

UPhumeza wagona umngani wakhe ezinsimbini ezivimbela ukugqekeza.

“Bese ngivele ngikuxolele, futhi ngiyaxolisa ngokukuthethisa nokusho izinto ezimbi.”

Amantombazane axoxa uThobeka waze wangabe esakwazi ukubambelela ezinsimbini.

“Ngaphambi kokuba ngihambe,” kusho uThobeka, “ngiphathele uBhele isipho.”

“Sipho sini?”

UThobeka wagona uBhele. *Sece, sece, sece, sece*, kusho isikele. Kwawela phansi imfumba yezizwele ezisagolide.

Wathi ukhlehla ebuka okwenzekile. Hhawi, hhawi! Kwakukhona ishanda lempandla elikhulu ekhanda likaBhele. Wagala ukukhathazeka manje uThobeka. “Yimbi le nto eyenzekile,” kucabanga yena. “Yimbi kakhulu. Uyothini nje uPhumeza?”



Thobeka sat Bear on her lap. *Snip, snip, snip*, went the scissors. A large clump of golden brown hair floated to the ground.

She leant back to look. Oh, oh! There was a big bald patch on the top of Bear’s head. Now Thobeka was worried. “That looks bad,” she thought. “Very bad. What will Phumeza think?”

Ngomgubho wosuku lokuzalwa lukaPhumeza, eqeda iminyaka eyisithupha, uMama wamnika ithoyizi lebehele. UBhele wayedle ngamehlo akhazimulayo, izinwele ezinsundu okusagolide, ikhala elincane elimnyama kanye nomlomo omamathekayo. Ngaphambi kwevesti lakhe elibomvu kwakubhalwe amagama amakhulu athi: NGIYAKUTHANDA. NGICELA NAWU UNGITHANDE.

UPhumeza wayengahlukani noBhele. Wayethanda uBhele ngendlela ecishe ifane nendlela ayethanda ngayo uThobeka. UThobeka wayengumakhelwane wakhe oneminyaka emihlanu, nomngani wakhe omkhulu.

Ngenye intambama, uMama wayezoya la kulungiswa khona izinwele. OPhumeza noThobeka babuka ngefasetela ngenkathi umcwali egunda izinwele zikaMama. UThobeka owayethatheke kakhulu. Wabukisisa umcwali ngesikhathi egunda uMama ngesikele esibukhali kakhulu. Kwakubukeka kulula futhi kusamlalo nje.

Ekuhambeni kosuku, uPhumeza, uThobeka noBhele bazidlalela egcekeni. Emva kwesikhashana uThobeka wagijima wangena endlini. Wabuya ephethe ngokukhulu ukucophelela isikele sikagogo wakhe. “Ngingakugunda?” ebuza uPhumeza.

“Hhayi namuhla,” kuphendula uPhumeza. “Ngifuna ukuya ekhaya manje.”



Outside, Lotto the dog started barking. Waving Gogo's scissors, Thobeka walked down the back steps towards him. Lotto took one look at the scissors and ran off down the road with his tail between his legs. Only Bear was left, propped against the garden fence. Ngaphandle,inja enguLotto yaqala ukukhonkotha. UThobeka waphuma ngenuva wehla ezitebhisiniyethe isikele sikaGogo wakhe ethathaza ngaso. ULotto wathi nhla kanye wabona isikele wabalekawe hla ngomgwaqo. UBhele yedwa owayesele, encike othangweni lwengadi.



“Then I’ll cut my granny’s,” said Thobeka, and she ran off to find her Gogo.

So, Phumeza climbed over the fence and went home ... without noticing that she had left Bear sitting by the fence.

When Thobeka went into the house, Gogo was on her cell phone, so Thobeka left her alone.

Thobeka’s brother was asleep and she was frightened to wake him.

“Whose hair CAN I cut?” Thobeka wondered.


“Hhayi-ke sengiyogunda uGogo,” kusho uThobeka, egijima eyothungatha uGogo wakhe.

Ngakho, uPhumeza wacaca othangweni waya kubo ... engaboni ukuthi useshiye uBhele ehleli othangweni.

Ngenkathi uThobeka engena endlini, uGogo wayekhuluma kumakhalekhukhwini, ngakho uThobeka akamphazamisanga, wamshiya. Umfowabo wayelele, ngakho wesaba ukumvuza.

“Kanti pho NGINGAGUNDA bani?” uThobeka ezibuza.

At that moment – *tap, tap* – someone knocked softly on the window. Phumeza sat up. She was scared. In a small voice Phumeza whispered, “Who’s there?” “It’s me – Thobeka.” Phumeza jumped out of bed. She ran to open the window. Thobeka was standing on her tippy-toes holding on to the burglar bars. “I’m so sorry I cut Bear’s hair. It wasn’t thinking properly. Please, please forgive me.”



Ngaleso sikhathi – *ngqo, ngqo* – kukhona owayengqongqoza kancane efasiteleni. UPhumeza wavuka wahlala ngezinqe. Wayethukile.

UPhumeza washo ngezwi elincane elihlebezayo, “Ubani lowo?”

“Yimi – uThobeka.”

UPhumeza wagxuma wehla embhedeni. Wagijima wayovula ifasitela.

UThobeka wayemi ngamanzonzwane ebambelele ezinsimbini ezivimbela ukugqokeza. “Ngiyaxolisa kakhulu ngokugunda izinwele zikaBhele. Angicabanganga kahle. Ngicela ungixolele bandla.”



We love reading!


Celebrate Valentine's Day by reading or telling stories about love ... and then follow the steps below to make a mobile.

1. Use thin cardboard or paste two sheets of blank paper together.
2. Draw or trace a heart like the one on the right.
3. Cut out the heart and make two holes at the top.
4. On one side, write: I love reading. Write the sentence in as many languages as you can. (Ask people who speak other languages to help you with this.) Colour the background red.
5. On the other side, draw a picture of yourself reading in your favourite place.
6. Thread some ribbon or string through the holes to hang your mobile.

Siyakuthanda ukufunda!

Gubha Usuku Lwezithandani ngokufunda nokuxoxa izindaba ezimayelana nothando ... bese ulandela izinyathelo ezingezansi ukuze wenze *i-mobile*.

1. Sebenzisa ikhalibhothi eliwucwecwe kakhulu noma unamathisele uhlanganise ndawonye amaphepha amabili angabhalwe lutho.
2. Dweba noma uthreyise le ekwesokudla.
3. Sika ukhiphe inhliziyo bese wenza izimbobo ezimbili phezulu.
4. Ohlangothini olulodwa, bhala ukuthi: Ngiyakuthanda ukufunda. Bhala lo musho ngezilimi eziningi ngendlela ongakwazi ukwenza ngayo. (Cela abantu abakhuluma ezinye izilimi ukuthi bakusize ngalokhu.) Yenza indawo engemuva ibe bomvu.
5. Ngakolunye uhlangothi dweba isithombe sakho ufundela endaweni yakho oyithandayo.
6. Chushisa iribhini noma intambo ezimbotsheni ukuze uchome *i-mobile* yakho.



Get story active!

After you and your children have read *Bear's haircut*, try discussing some of these things.

- Why do you think Phumeza was so cross when she saw how Thobeka had cut Bear's hair?
 - Have you ever done something which made someone else cross, even though you didn't mean to? Share the story of what happened.
 - Ask open-ended questions (questions that have no right or wrong answer and instead, can be answered in different ways). For example:
 - What does it mean to forgive someone?
 - Do you think Phumeza was right to forgive Thobeka? Why or why not?
 - Should we always forgive people who do things that make us angry or hurt us? Why or why not?



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *Ukugunda kukaBhele*, zamani ezinye zalezi zinto.

- Ngabe ucabanga ukuthi kungani uPhumeza wayethukuthele uma ebona ukuthi uThobeka ugunde izinwele zikaBhele?
- Ngabe wake wayenza into eyathukuthelisa omunye umuntu, noma ngabe wawungaqondile ukwenza lokho? Yabelana ngendaba yokuthi kwenzekani.
- Buza imibuzo evulekile (imibuzo engenayo impendulo efanele noma engafanele kunalokho, engaphendulwa ngezindlela ezahlukene). Isibonelo:
 - Kuchaza ukuthini ukuxolela omunye umuntu?
 - Ngabe ucabanga ukuthi uPhumeza wenze kahle ngokuxolela uThobeka? Usho ngani, noma kungani bekumele angamxoleli?
 - Ngabe kumele sihlale sixolela abantu abenza izinto ezisithukuthelisayo noma abasizwisa ubuhlungu? Usho ngani, noma kungani bekumele singabaxoleli?

In your next Nal'ibali supplement:

- Building children's literacy by using their home language
- Enjoy some of the writing and drawings sent to us
- A cut-out-and-keep book, *The Cool Nguni*
- A new Story Corner story, *Malusi and the Bath Monster*

Need copies of this supplement in other languages or back copies of older supplements? Download them for free at: <http://nalibali.org/supplements/>.

Find us on Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA



Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ukuthuthukisa ukwazi ukufunda nokubhala kwezingane kusetshenziswa ulimi lwazo lwasekhaya.
- Thokozela okunye kokubhaliwe nemidwebo esikuthunyelelwayo.
- Incwadi ozoyisika uyikhiphe, *INGUNI Elihle*
- Indaba entsha yeKhona leziNdaba, *UMalusi Nenunu Yakubhavu*

Ngabe udinga amakhophi alesi sithasiselo ngezinye izilimi noma amakhophi ezithasiselo ezindala? Zithwebule ngensiza yekhompyutha mahhala ku-<http://nalibali.org/supplements/>.

Chapter
Spots
Amagqabhaza

It starts with a spot.

Lisa Greenstein
Sandy Mitchell






Amagqabhaza amaningi
kakhulu ukuthi ungawabala!

Too many spots to count!

8



Amagqabhaza
ayisikhombisa asawolintshi

Seven orange spots

7

FOLD

2

One green spot



Igqabhaza elilodwa
eliluhlaza okotshani



Amagqabhaza
ayisithupha abomvu

Six red spots

9

FOLD

3

Two purple spots



Amagqabhaza amabili
abukhwebezane



Amagqabhaza amahlanu
aluhlaza okotshani

Five green spots

5

4

Three yellow spots



Amagqabhaza
amathathu aphuzi

Four purple spots



Amagqabhaza amane
abukhwebezane



Drive your
imagination